# IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ekuleli khasi ngaphambi kokuphendula imibuzo.

2. Leli phepha lineziqephu EZIMBILI

   ISIQEPHU A: Inoveli (35)

   ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE (35)

3. Phendula imibuzo EMIBILI kuphela, umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE .

   ISIQEPHU A: INOVELI

   ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFISHANE ( Phendula imibuzo EMIBILI)

   **Abafundi be-Non -Mother Toungue baphendula izindaba ezimfushane ZODWA**

4. Bhala izinombolo njengoba zibhaliwe ephepheni le mibuzo.

5. Landela imiyalelo esekuqaleni KWESIQEPHU NGASINYE.

6. QALA ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA

7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo

   OKUQUKETHWE:
   Leli khasi lizokusiza ukukhetha imibuzo ofisa ukuyiphendula ngaphandle kokufunda yonke imibuzo.

| ISIQEPHU A: INOVELI<br>Phendula noma yimuphi umbuzo OWODWA kulesi siqephu. | | |
|---|---|---|
| IZINOMBOLO ZEMIBUZO | AMAMAKI | IKHASI |
| *1. Elokufa alitsheli* | 35 | 3-5 |
| ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE :<br>Phendula imibuzo EMIBILI kodwa abafundi be Non-Mother toungue baphendula izindaba ezimfishane ZONKE. | | |
| *2. Izinhliziyo ezibuhlungu* | 35 | 8-15 |

**ISIQEPHU A**

**INOVELI: Elokufa Alitsheli -**

**UMBUZO 1**

**Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA A**

Wangena esangweni elalingakhiyiwe,wadlula elishiya livuliwe ucezu.**Wahalazela** engena egcekeni elinongwengwe okusikwe kahle, luluhlaza cwe. Waqonda emnyango wasendlini yokuphumula, wangqongqoza waze wamemeza:'Nqo Vela, awuvule bo!" Wathi ukulinda isikhashana wezwa kuthi nya,wasikhexezisa isicabha. Wajabula kwathi akandize ezwa isicabha singahluthulelwe. Wangena khona ngabo ubunyoninco nobunono bekati, esivula esivala isicabha, yena esengaphakathi.

Wathi engena nje wayequkula umshini we-DVD Kanye ne Hi-fi, I-Hi-fi wayidumela wayigodla ekhwapheni eshiya izipika zayo ziyintandane. Umshini we-DVD owawuyisicatshana awumnikanga inkinga ekuwuphatheni. Akuphelanga ngisho imizuzu emihlanu wabe eseqedile ngayekwenza. Waphumela phandle eseke wathi ukuqalaza wangasola lutho. Wathi ephuma nje wayephonseka emakhabeni ommbila owawumude ulaphaya. Wahlofoza waze wayokweqa ucingo ezansi komuzi. Buqamama khona ezansi komuzi kwakukhona isikilebha semoto endala eyayilahlwe yashiswa amasela ezimoto, isisithwe yisikhotha esenile sengongoni nomtshiki.Wangena kuyona wayethukusa impahla yakhe. Enganelisekile ukuthi impahla yakhe icashe kahle, wahlephula amagatsha esihlahla senhlokoshiyane, wamboza ngawo.Esezanelisile ukuthi akuselula ukuthi nodlula ngendlela abone, wanqamulela waze waphumela emgwaqeni omkhulu. Wadlula esitolo iSizanani MaZulu, ngaphandle kwakuneqeqebana labafana elalihuqa wona umthuni wezinkukhu owawubukeka ufana nemfashini eNtabamhlophe.

1.1 Ngubani umngani kaVela (1)

1.2 Bhala izinto EZIMBILI ezatshotshwa umngani kaVela endlini kadadewabo. (2)

1.3 Wazifihla kuphi umngani kaVela izinto abe ezitshontshile? (2)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esithi **Wahalazela**.

A. Wahamba kancane.
B. Wahamba ecasha.
C. Wahamba eshesha.
D. Wahamba ema. (1)

1.5 Tomula umusho esiqeshini esingenhla esikhombisa ukuthi ukubhema kwabe sekuyinto ejwayelekile emphakathini waseNtabamhlophe. (2)

1.6 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza uVela ahlale emzini kadadewabo. (2)

1.7 Xoxa ngesigameko esenzeka emzini kaKhethiwe esaholela ekutheni axoshwe uVela. (2)

1.8 Ngamaphuzu AMABILI chaza iqhaza elibanjwe umlandi kule noveli. (2)

1.9 Hlaziya le noveli ubhekise kulezi zihlokwana ezilandelayo :

1.9.1 Isingeniso (2)

1.9.2 Indikimba (2)

**KANYE**

**ISIQESHANA B**

“Amaphoyisa asavalwa ukufika ebusuku kanjena. Ngeke ngivule ngoba angithembi ukuthi ningamaphoyisa. Lindani kuze kuse ukuze nginibone kahle ukuthi ningamaphoyisa ngempela. Futhi kwalo Vela enimfunayo akekho lapha, akasahlali lapha ekhaya,” Wanyonyoba uMahlase waye wahosha ivolovolo lakhe wama ngomumo edidwa ngukuthi Anjani la maphoyisa afika kwesikabhadakazi ngesabathakathi.

*“ Hhayi wena tshela thina ngomsebenzi wethu, never! Uma wena fihla lo sigebengu somfana wakho thina bulala lo sicabha wakho ngena phakathi bopha both of you.”*

“Vezani isigqebhezana kuqala esinichazayo ukuthi ningamaphoyisa. Ngeke nje ngivule ngingakaboni ukuthi ningabomthetho,” esho ngeqholo esencike ngewodilobhu, ebambisise ivolovolo.

*“Okey, hhayi funa vula*. “Wezwa umsinjwana uMahlase kuzwakala ukuthi akayedwa lo muntu ophandle.

*“Wena , futhi funa bona lo khadi yamaphoyisa? Thina tshengisa wena ukuthi singamaphoyisa ngampela, hhayi lo sigebengu njengomfana kawena Vela,*”Waphetha lowo mlisa ngokuthi makasondele ewindini uMahlase ezokwamukela isigqebhezana samaphoyisa.

1.11 Obani laba abaxoxa esiqeshini esingenhla (1)

1.12 Wabe enobani uMahlase endlini ngesikhathi kufika laba balisa. (1)

1.13 Caphuna ibinzana lamagama elikhombisa ukuthi lamaphoyisa mbumbulu afika ebusuku kakhulu. (2)

1.14 Yini ayafunwa uMahlase ukuze aqinisekise ukuthi ngabe amaphoyisa lawa ehlasele emzini wakhe. (1)

1.15 Ukuba nevolovolo uMahlase kwamlekelela yini esindiseni impilo yakhe, Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.16 Indlela umndeni wakwaMahlase owawukhulisa izingane zabo ngayo yaba namthelela muni empilweni kaVela. (2)

1.17 Ngokucabanga kwakho ikuphi okwakumele kwenziwe umphakathi ngabantu abadala ababesebenzisa izingane ukwenza ubugebengu endaweni yaseNtabamhlophe. (2)

1.18 Hlaziya kabanzi lolu hlobo labalingiswa kule noveli.

a. Umlingiswa oyisicaba. (2)
b. Umlingiswa oyimbokodo. (2)

1.1.9 Ukuba wawunikwe ithuba lokululeka umlingiswa uVela kule ndaba, isiphi iseluleko awawungamnika sona. (2)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 35**

**ISIQEPHU B: IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU**

**UMBUZO 2 : – BENGINGEKE NGISAKWAZI – S.Khwela**

**Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

**ISIQESHANA C**

"Ntombi," ememeza eshaya umnyango. Kuthi nya. Aphinde futhi ashaye. Nya.

"Hhayi mzala. Akukho muntu lapha," kusho uThembi.

"Ngeke alale ekhanyisile." Bathule bacabange, babukane emehlweni sezibhaliwe ebusweni bukaThembi izinsolo zokuthi akekho kwakhona ekamelweni lapho, udlubulundele kuleso sikhala sokuhamba kunina wayeziyela esokeni. Kulowo mzuzu sekuthe hluthu kuManduli abone kukuhle ukuthi ake aphumele ngaphandle ajikele ewindini lekamelo likaNtombi ayolunguza ngalo. Amlandele uThembi ehushuzela ne-gown. Hawu, ngenhlanhla alivaliwe. Afake isandla, aphenye ikhethini.

"Maye!"

"Yini mzala?"

Akabange esaphendula uMaNduli, wamame wathi vu phansi. Alale athi ja. Asondele noThembi afake isandla aphenye ikhethini.

"Shwele Msindisi! Kanti kwenzekani la kwaSikhosana?" Aphinde aphenye ikhethini. Maye! Useze wawugodo uNtombi elenga entanjeni, ulimi seluthululeke ngaphandle. Amehlo aseqhansele ngaphandle okwenkalankala. Ahlabe umkhosi uThembi khona uMaNduli **esacinyelwe yizibani** kanjalo. Batheleke omakhelwane bakhahlele umnyango uthi gembeqe. Bamehlise uNtombi osebanda qa. Nansiya incwadi abekade eyibhala ibekwe phezu kombhede. Ayifunde uMaNduli.

2.1 Ubani umzala kaMaNduli kule ndaba? (1)

2.2 Bahlobene kanjani uMaNduli no Ntombi? (1)

2.3 Kwabe kungubani umyeni kaMaNduli igama nesibongo. (1)

2.4 Wayehamba ngaluphi uhlobo lwemoto umyeni kaMaNduli. (1)

2.5 Fingqa ngamaphuzu umbiko owafika nephoyisa umbiko owethulwa usayitsheni uNgcobo owayefona esesiteshini samaphoyisa eSherwood. (2)

2.6 Ngabe umlobi wale ndaba ukwazile ukufeza umgomo wendaba emfushane, Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi sichazani.

uMaNduli **esacinyelwe yizibani** kanjalo.

A. Ejabule.
B. Equlekile.
C. Ekhala.
D. Ediniwe. (2)

2.8 Phawula ngempumelelo yomlobi ekuthuleni isingeniso sale ndaba, Ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.7 Kwaba namthelela muni ukuthanda izinto eziphathekayo kukaMaNduli kule ndaba. (2)

2.9 Le ndaba yenzeka ngenkathi yamanje, Fakazela lesi sitatimede ngamaphuzu AMABILI. (2)

2.10 Bhala isigameko esiwuVuthondaba kule ndatshana. (2)

2.11 Ukube wawunikwe ithuba lokweluleka umlingiswa uNtombi kule ndaba, yikuphi owawungameluleka ngakho enkingeni ayebheken nayo.Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

## KANYE

### ITOYITOYI- N.SIBIYA

### ISIQESHANA D

"Kayikho into engingayenza. Kubalulekile lokho okushiwo yizisebenzi."

"Ikusasa likaMpiyakhe -ke?"

"Kakufanele sizicabangele thina kuphela."

"Kawunandaba nengane yami".

"Kakunjalo. Sizama ukulungisela izizukulwane eziyayo."

Kulawa nje isimo simuncu. UMpiyakhe yena ulokhu ekhale lokho. Usuke awabone ephihlizeka amaphupho akhe. Kayisaphathwa- ke ekaMaShongwe unina.Kuthi akazisakaze. NakuNgcobo kakulaleki. Ulokhu ethatha ebeka. Usuyamfikela nomqondo wokuthi ayiyeke phansi le nto yakusasa. Lumshaye nokho uvalo. Uzobenjani abantu? Kubuye ukukhala kukaMpiyakhe. Uyomzonda aze afe. Phela kuyacaca ukuthi ngeke ayithole le mali uma kutelekiwe kusasa. Kuze kuse ubuthongo engabuthanga qothu uNgcobo. Into esimphethe kabi kakhulu yinzondo azoba nayo uMpiyakhe. Kucacile izolo ukuthi akayiboni nhlobo indaba yokuthi okubalulekile ngukuthi abakwenza manje sekuyosiza izizukulwane eziyayo.

2.13 Obani abaxoxa kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.14 Isiphi izizathu esenza uMpiyakhe akhale kulesi siqeshana esingenhla? (1)

2.15 Chaza kabanzi uhlobo lodweshu olutholakala kulesi siqephu. (2)

2.16 UMnumzane uNgcobo wabe anasiphi isikhundla kule ndawo. (1)

2.17 Sizo luni uMehlwenkunzi ayeluthembise uNgcobo kule ndaba. (1)

2.18 Ngabe IQINISO noma IPHUTHA ukuthi uMpiyakhe wakwazi ukusebenzisa ubuhlakani bakhe ekuthatheni izinqumo ezinhle. (2)

2.19 Ngephuzu ELILODWA bhala umyalezo umlobi asedlulisela wona kule ndaba. (2)

2.18 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 2.18.1 UMaShongwe | A. Isitshalo esisepulanzini likaMehlwenkuzi. |
| 2.18.2 Fuze | B. Inyuvesi eyathatha uMpiyakhe. |
| 2.18.3 ONgoye | C. Unkosikazi kaNgcobo |
| 2.18.4 UMdlalose | D.Isithakazelo sakwaNgcobo. |
| 2.18.5 Umoba | E. Isisebenzi esinganeme sasepulazini. |

**(5x1) (5)**

**Kanye**

**UMCULO OMNANDI- S KHWELA**

**ISIQESHANA E**

Ngaphambi kokuba aqonde emathekisini aya eChesterville, wathi ake azame futhi ukushayela uFreddy. Angcafaze futhi. Hhayi-ke, alusakhali kwakukhala-ke manje. Seluvaliwe. Luthi akashiye umyalezo. Kumcasule kwalokho angashiyi myalezo. Wake wama isikhashana ecabanga. Kwamane kwabuya isithombe sangaloluya suku mhla Ufreddy emenza lesi. UFreddy wamfonela esemsebenzini wathi akangagibeli ibhasi ngoba uboleke imoto kumngani wakhe, uzomlanda ngayo. Wake wamlanda? Phinde. Wawayeka onke amabhasi uZandisile edlula ngoba elinde isithandwa sakhe sizomtsakisa ngalowo mtsako wemoto. Waze wasizwa imenenja yakhe eyethuswa ukuthi usalinde esitobhini. Yamthatha ngobutsetse bayo yaye yamuthi qithi eSinqawunqawini, kwaMashu. Okwamxaka uZandisile ukuthi wathi engena esangweni kubo, kwabe kuphuma uFreddy endlini. Okwathi uma emubuza uZandisile kanti ubengashongo yini ukuthi uzomlanda, impendulo eyayinokungundaza yaba ukuthi usuke wabambeka ndawo thize, wase ebona kukuhle ukuthi aqale abheke ukuthi akakabuyi yini kanduba athu uyomlanda. Kuvele kuthi xhifi kuZandisile uma ecabanga zonke lezi zinto. Hhayi-ke ake afonele unina amazise ukuthi akazukusheshe abuye. Nakhu phela manje usebizwe us’kwiza wakhe. Angcafaze, luye luyothi khalakatha kubo. Lukhale.

3.1 Amathekisi aya kuphi lawa ayezowagibela uZandisile? (1)

3.2 Ubani ayezama ukumushayela? (1)

3.3 Isiphi isithombe esamubuyela uZandisile ngenkathi emile ecabanga? (2)

3.4 Ikuphi kubo kaFreddy? (1)

3.5 Ngabe umbhali wale ndaba ukwazile yini ukugcina imigomo yesingeniso Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

3.6 Tomula umusho OWODWA esiqeshini ositshela ukuthi uFreddy akaqali ukudlala ngoZandisile. (2)

3.7 Phawula ngodweshu lwangaphakathi olutholakala esiqeshini. (2)

3.8 Ngamaphuzu AMABILI chaza ngokwenzweka kule ndaba. (2)

3.9 Ngokwendaba, yini engalungile eyenziwa umama kaZandisile? (2)

3.10 Ukube wawunguZandisile wawuyokwenzenjani uma uthola okwenziwa ngumama wakho? (2)

3.11 Ngokucabanga kwakho, kungani isihloko sale ndaba sithi 'umculo omnandi?(2)

Kanye

**OGANDAGANDA- NG SIBIYA**

**ISIQESHANA F**

Awubuke futhi umuzi wakhe. Muhle. Mkhulu. Ukhomba wona amandla endoda eyasebenza, yenzela ukuhlala kahle inethezeke ngomuso. Impela wayewakhele ukuphumula lo muzi wakhe uma esekhulile. Awubukisise futhi. Ahambahambe lapha egcekeni. Aze ayoma ngasesangweni. Agqolozele lo mbhalo omkhulu olapha esangweni. Kubhalwe kahle ngamagama acacile: "EKUPHUMULENI". Awugqolozele lo mbhalo uShabane. Ezwe sekucweba izinyembezi.

Wayethi uyothola ukuphumula lapha, aze aficwe ukufa. Kakusenakwenzeka lokho. Nakhu phela kuthiwa bazogudluzwa ngenkani lapha. Kuthiwa bayeza ogandaganda ksasa. Bazodiliza, bacekele phansi konke lokhu. Konke lokhu akusebenzela kangaka. Labo gandaganda bazobhidliza konke lokhu ayekujulukela ethi kuyomlethela ukuphumula kwengqondo nomphefumulo.

Zehle manje izinyembezi. Aphume ngesango. Nanguya eseya enhla komuzi. Aze ayoma phansi kwemithi kawatela. Kunamathuna lapho. Maningi. Abiyelwe kahle. Avule isangwana. Angene. Awabuke onke. Nanti elikanina. Likhonkwe kahle lase liba nombhalo. Adlulise amehlo. Nanti elendodana yakhe endala eyadutshulwa eThekwini. Zisabonakala kahle izimbali phezu kwalo. Anyuke kancane. Aze azoma phambi kwelilaMaMhlungu.

4.1 UShabane wayewakheleni lo muzi wakhe? (1)

4.2 Wawuthini umbhalo ayewugqolozele ngasesangweni? (1)

4.3 Caphuna umbhalo osho ukuthi oShabane bazosuswa endaweni yabo. (1)

4.4 Yini eyabe ikhalisa uShabane? (1)

4.5 Umbhali wale ndaba ngabe ukwazile yini ukufeza imigomo yesingeniso? Sekela impendulo yakho ngephuzu ELILODWA. (2)

4.6 Isho amagama alabo ababesekomidini elilwesana nokudilizwa kwezindlu.

4.7 Phawula ngengwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)

4.8 Ngokucabanga kwakho, ubona kwaba ngumbono omuhle yini ukuthi kususwe abantu ukuze kwakhiwe amafemu? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

4.9 Ngabe uyazwelana noShabane kule ndaba? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)

4.10 Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 4.10.1 Ekuphumuleni | A. umlingisi omkhulu. |
| 4.10.2 UMkhize | B. Ilunga lekomidi |
| 4.10.3 UShabane | C. Umbhalo osesangweni kwaShabane. |
| 4.10.4 UJabulani | D. Unkosikazi kaShabane ongasekho. |

(1x4)

**[35]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 35**

**AMAMAKI ESEWONKE: 70**